



UMVOTI MUNICIPALITY

ISAZISO

ISEXWAYISO NGOKUTHATHA UMHLABA NGOKUNGEMTHETHO

UMasipala wase Mvoti, ufisa ukwazisa amalunga omphakathi ukuthi umhlaba owaziwa ngokuthi G5695/1898 (phecelezi ext. 9 + 14 + townlands) ungowamasipala okuhlelelwa ukuba kwakhiwe intuthuko edidiyelwe ngokwezidingo zomphakathi.

Ezinsukwini noma ezinyangeni ezedlule kube namalungu omphakathi azithathela umthetho angena kulomhlaba ngokungemvume. UMasipala uzame konke okusemandleni ukuvimba lokhu, nokuze kwaholele ekutheni uthole isivimbelo senkantolo sokuvimba abahleli kulendawo nabaqhubeka bakha ngokungemthetho.

UMasipala ukhathazekile ngabantu abaqhubekayo ebusuku kulomhlaba bephula umthetho. UMasipala usebenzisana nezinhlobo zezomthetho ukubamba abantu abangena kulomhlaba nalaba ababeka abantu emhlabeni ngokungemthetho.

Umkhandlu uyanxusa ukuba omphakathi uvikele lomhlaba ngokuba ubikele amaphoyisa nomasipala uma ubona abantu bakha ngokungemthetho.

Siyabonga.

**SIGNED BY
MRS TN NGIBA
IMENENJA KAMASIPALA**

**P O BOX 71
GREYTOWN, 3250**

NOTICE NO: 4635